


**NguMongameli
uThomas S. Monson**



“Njengoba nginithandile”

Eminyakeni edlule umngani wami esasimbiza ngo-Louis wangixoxela indaba ebuhlungu ngomama wakhe owayemnene, enomoya ophansi. Ngenkathi eshiya lomhlaba, akashiyanga emadodaneni nasemadodakazini akhe ingcebo yemali kodwa washiya ifa lemfundiso yokuzinikela, nokulalela.

Emva kwezinkulumo zokubonga nohambo oludabukisayo oluya emangcwabeni, umndeni owawusu mkhulu wahlunga ezintweni ezincane unina ayezishiyile. Phakathi kwalezozinto, uLouis wathola incwadi kanye nokhiye. Incwadi yayithi: “Egumbini lami lokulala elisekhoneni ekhabethe eliphansi, kunebhokisi elincane. Liphethe igugu lenhliziyo yami. Lokhiye uzolivula lelo bhokisi”.

Bonke bazibuza ukuthi ingabe yini lena unina ayenayo ebaluleke ngangokuthi wayeze ayikhiyele.

Lasuswa lapho lalikhona ibhokisi lase livulwa ngesineke ngosizo lokhiye. ULouis nalabo ayenabo bahlola okwakuphakathi ebhokisini, bathola isithombe somntwana ngamunye, kunegama lakhe, nosuku azalwa ngalo. ULouis wase edonsa ivalentine ayezenzele yona. Wafunda amagama ayewabhale esemncane eminyakeni ewu60 esadlula kudala athi: “Mama ngiyakuthanda.”

Izinhliziyi zathunukala, amazwi ehla, amehlo agcwala izinyembezi. Igugu lika mama kwakuwumndeni wakhe waphakade. Amandla awo ayevela esisekelweni sokuthi “Ngiyakuthanda.”

Esikhathini sanamhlanje, lesi sisekelo sothando ayikho indawo esidingeka kuyo kakhulu njengasekhaya. Futhi

akukho lapho umhlaba okufanele uthole khona isibonelo esingcono salesosisekelo ngaphandle kwamakhaya abaNgcwele beziNsuku zokuGcina asebenze uthando lwaba ingxenye yemindeni yabo.

Kulabo bethu abathi bangabafundi boMsindisi uJesu Kristu, wasinika lomlayelo:

“Ngininika umyalo omusha wokuba nithandane; njengalokho nginithandile, nani nithandane.

Ngalokho bonke bayokwazi ukuthi ningabafundi bami, uma nithandana”¹.

Uma sifuna ukugcina umyalo wokuthandana, kufanele siphathane ngokuzwelana nangenhlonipho, sikhombisane uthando kukho konke esikwenza nsukuzonke. Uthando lunika amazwi amnene, ukubekezela, ukungabinabugovu, ukuqondisisa, nenhliziyo exolayo. Kuko konke ukuzwana kwethu, l lezi zenzo nokunye kuzosiza ekutshengiseni uthando olusezinhliziyeni zethu.

UMongameli uGordon B. Hinckley (1910–2008) waphawula wathi: “Uthando . . . luyibhodwe legolide ekugcineni kothingo. Nakuba kunjalo uthando luyizinto eziningi kunalapho kuphela khona uthingo. Uthando lusekuqaleni futhi, futhi kulona kuvela ubuhle obuhamba bunqamule isibhakabhaka izulu lilibi. Uthando ukuvikeleka okukhalelwa abantwana, okufiswa yintsha, okubopha umshado, futhi lungamafutha avimba umonakalo ekhaya; liwukuthula komuntu osemdala, luletha ithemba ekufeni. Banothile labo abalujabulelayo emindenini, kubangani, ebandleni, nakomakhelwane.”²

Empeleni, uthando luyivangeli, luyisimilo esihle kakhulu somuntu. Uthando luyikhambi lemindeni enezinkinga, imiphakathi enezinkinga, kanye namazwe anezinkinga. Uthando lutshengiswa ngezindlela eziningi ezibonakalayo: ukumamatheka, ukubingelela, ukuphawula kahle, ukuncoma. Uthando lukhonjiswa ngokuzinikela, ngokusizana kanye nokuzikhohlwa ekusizeni abanye abantu.

Bobaba, thandani amakhosikazi enu. Baphatheni ngenhlonipho nangokubazisa. Bodade, hloniphani abayeni benu. Baphatheni ngenhlonipho futhi nibakhuthaze.

Bazali, thandani izingane zenu. Bakhulekeleni, bafundiseni, nifakaze kubo. Zingane, thandani abazali benu. Batshengiseni inhlonipho, ukubonga, kanye nokulalela.

Ngaphandle kothando olumsulwa lukaKristo, uMormon uyala uthi “asilutho.”³ Umkhuleko wami wukuthi sengathi singalandela umyalelo kaMormoni wokuthi “sikhuleke kuBaba ngamandla onke enhliziyi, ukuze [sigcwaliswe] ngaloluthando, alunika bonke labo abangabalandeli beqiniso beNdodana yakhe, uJesu Kristu; ukuze [sibe] ngamadodana kaNkulunkulu; ukuze kuthi muzukwana esebonakala sibenjengaye.”⁴

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. uJohane 13:34–35
2. uGordon B. Hinckley, “And the Greatest of These Is Love,” *Ensign*, Mar. 1984, 3.
3. Moroni 7:46; bheka futhi ivesi 44.
4. uMoroni 7:48

IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO

UMongameli uMonson usifundisa ukubaluleka kokutshengisa uthando olufana noluka Kristu olumsulwa, ikakhulukazi emakhaya ethu. Bacele labo obafundisayo ukuthi bahlangane njengomndeni baxoxisane ngezindlela abangatshengisana ngazo uthando. Ungabakhuthaza ukuthi bakhethe okunye kwalokho abakhulume ngakho bese benza imizamo yokukwenza njengomndeni. Njengokuthi amalunga omndeni angenzelana into enhle isonto nesonto. Ungabacela ukuthi kamuva bacabange ngokuthi kulukhulise kanjani uthando ekhaya ukwenza imizamo yokukhombisana uthando.

© 2017 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Igaywe eMelika Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/16. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/16. Ukuhunyushwa kwe *First Presidency Message, February 2017*. Zulu. 97922 783

INTSHA

Ukukhulekela ukuthula

NguSarah T.

Abazali bami babejwayele ukuhamba imihlangano emva kwesonto, mina ngangisala ngigade abafowethu ngibasize senze isidlo sasemini yize babelambile futhi ngesinye isikhathi benenhliziyi encance. Ngokujwayelekile kwakuthi uma beqale ngokulwa, ngangibalamula masishane. Kodwa ngesinye isikhathi kwakubanzima ukuletha ukuthula uma impi isize yaqala ngoba kwamina ngangiphazamiseka.

Ngolunye usuku, abafowethu babenenkinga yokungezwani. Ngathola ukuthi imizamo yami yokuthi ngilethe ukuthula ayenza izinto zibe zimbi kakhulu ngoba kwamina ngase ngicasukile. Ngakho-ke ngavele ngazenzela ukudla kwami ngedwa ngathula. Ekugcineni ngathi kubo, “Ngizokhuleka manje. Ngicela nithule nje umzuzu owodwa.” Kuthe sebehlise umoya, ngacela isibusiso ekudleni Ngaphambi kokuba ngivale umkhuleko, ngase ngithi, “Sisize ukuba sibe abantu abathanda ukuthula.”

Ekuqaleni kwaba sengathi abezwanga futhi baqhubeka nokulwa. Ngangicasukile kodwa ngangazi ukuthi kwakufanele ngibe nothando nomoya ophansi ngoba ngangiqeda ukukhulekela ukuthula. Emva komzuzu, ngazizwa nginokuthula. Ngazidlela ukudla kwami ngongasho lutho, ekugcineni abafana bayeka ukulwa. Kwangicacela ukuthi ukuthula engangikuzwa kwakuyimpindulo yomkhuleko. Ngangikhulekele ukuletha ukuthula, UBaba wethu oseZulwini wangisiza ukuthi ngikwazi ukwehlisa umoya ngesikhathi ngangifuna ukuthetha. Ngiyazi ukuthi Yena uyakwazi ukusinika ukuthula.

Umbhali uhlala e-Arizona, USA.

ABANTWANA

Igugu Langempela

UMongameli uMonson uxoxa indaba ngomama owayenebhokisi elinamagugu ayelithanda kakhulu. Ngenkathi izingane zakhe zivula ibhokisi, zathola izithombe zazo. Igugu likanina kwakuwumndeni wakhe!

Igugu langempela akulona igolide,— ngabantu obathandayo. Uthanda bani? Dweba ibhokisi lamagugu nesithombe sabo labo bantu obathandayo noma ufake amagama abo phakathi ebhokisini.



Inhlawulo kaKristu ingubufakazi bothando lukaNkulunkulu

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho.

Ukholo, Umndeni, Insizakalo

Ukuqondisisa ukuthi UBaba wethu oseZulwini wanikela ngeNdodana Yakhe eZelwe Yodwa ukuze sithole ukungafi ngokunjalo nethuba lokuphila kwaphakade kusi siza ukuba siluzwe uthando lukaNkulunkulu olungapheli nolunga qondakali asinika lona. UMsindisi wethu naye uyasithanda.

“Ngubani ozosehlukanisa nothando lukaKristu na? . . .

“Ngiyakholwa wukuthi, ukufa, nokuphila, nezingelosi, nababusi, amandla, noma izinto ezikhona nezisazofika,

“ukuphakama, ukujula, noma ngabe yikuphi okudaliweyo akukho okuyoba namandla okusehlukanisa nothando lukaNkulunkulu, oluku Jesu Kristu iNkosi yethu” (ngokwaseRoma 8:35, 38–39).

Igosa, uD. Todd Christofferson woMgwamanda wabayiShumi naMbili wathi ngeNhlawulo kaJesu Kristu: “Ukuzwa ubuhlungu koMsindisi eGethsemane kanye

nezinhlungu zakhe esiphambanweni kwasithenga esonweni ngokwanelisa izimfuno zokulunga ezazizofunwa kithi. Welula umusa abaxolele labo abaphendukayo. INhlawulo kaJesu Kristu ikhokhela icala ukulunga okufanele kulikhokhe kithi ngokuselapha nokusinxephezela ngenxa yabo bonke ubuhlungu esibuzwe kungafanele. ‘Ngokuba bheka, uzwa ubuhlungu babantu bonke, yebo, ubuhlungu bazo zonke izidalwa eziphilayo, abesilisa, abesifazane, kanye nabantwana, abangabomndeni ka-Adamu’. 2 Nefi 9:21; bheka futhi kuAlma 7:11–12¹

UKritu “usibhale ezandleni zakhe” (uIsaya 49:16). ULinda K. Burton, uMongameli Jikele weNhlango Yabesimame Yosizo, wathi: “Lesenzo sothando esidlula konke kufanele sisiwise phansi ngamadolo sikhuleka ngokuzithoba sibonga uBaba wethu oseZulwini ngokusithanda ngokwanele ukuba athumele

iNdodana Yakhe eZelwe Yodwa futhi nephelelisiwe ukuba izozwa ubuhlungu ngezono zethu, nangenxa yobuhlungu esibuzwa ezinhliziyweni zethu, nakho konke okungalungile okwenzeka ezimpilweni zethu”.²

Imibhalo eNgcwele kanye nolwazi olungeziwe

uJohani 3:16; 2 Nefi 2:6–7, 9; reliefsociety.lds.org

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. D. Todd Christofferson, “Redemption,” *Liahona*, uMeyi 2013, 110.
2. uLinda K. Burton, “Is Faith in the Atonement of Jesus Christ Written in Our Hearts?” *Liahona*, Nov. 2012, 114.

Ake Ucabange Ngalokhu

Singakukhombisa kanjani ukubonga nothando kuNkulunkulu nakuJesu Kritisu ngesipho seNhlawulo asinika sona na?